



GAUTENG PROVINCE
EDUCATION
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

GGT 2030
GROWING GAUTENG TOGETHER

IsiZulu/English

Uhlelo Lokuthuthukisa Izibalo Zebanga R Grade R Mathematics Improvement Programme



**Umhlangano Wokucobelelana Ngolwazi 5 • Workshop 5
Incwadi Yokusebenzela Yababambiqhaza • Participant's Workbook**

The Grade R Mathematics and Language Improvement Project is an initiative of the **Gauteng Department of Education** and its key partner, the **Gauteng Education Development Trust**.

The development and production of the training and classroom resources for the Grade R Mathematics and Language Improvement Project were made possible by generous project funding from the **United States Agency for International Development** and the **Zenex Foundation**.

The Grade R Mathematics and Language Improvement Project is managed by **JET Education Services** with **UCT's Schools Development Unit** and **Wordworks** as technical partners.

The **Schools Development Unit (SDU)** at the **University of Cape Town (UCT)** is the mathematics technical partner to the Grade R Mathematics and Language Improvement Project. The SDU is a unit within UCT's School of Education that focuses on teachers' professional development in Mathematics, Science, Literacy/Language and Life Skills from Grade R to Grade 12. The SDU offers teacher qualifications and approved UCT short courses, school-based work, materials development and research to support teaching and learning in all South African contexts.

ACKNOWLEDGEMENTS

Special thanks to:

- The Gauteng Department of Education Curriculum, Teacher Education and Special Education Directorate officials for their contribution to the adaptation of our materials.
- The Western Cape Education Department (WCED) officials and teachers for their contribution to the successful implementation of the Grade R Mathematics Programme (R-Maths) in the Western Cape between 2016 and 2019.
- The R-Maths writing team: SDU staff and consultants.



The Grade R Mathematics Improvement Programme is adapted from *R-Maths*, first published in 2017 by the Schools Development Unit, University of Cape Town. Copyright of *R-Maths* is held by the University of Cape Town.

The Grade R Mathematics Improvement Programme is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 International Licence [Attribution-NonCommercial-ShareAlike].



This licence allows re-users to distribute, remix, adapt, and build upon the material in any medium or format for non-commercial purposes only, and only so long as attribution is given to the creator. If you remix, adapt, or build upon the material, you must license the modified material under identical terms. To view the full conditions for this licence, visit: <https://creativecommons.org/licenses/by-nc-sa/4.0/>

Programme conceptualisation and management: Cally Kuhne and Tholisa Matheza

Translation and publishing project management: Arabella Koopman

Translation co-ordination (Nguni languages): Pumeza Ngobozana

Translation: Busisiwe Pakade

Editing (isiZulu): Bheki Ntuli

Illustrations: Jiggs Snaddon-Wood

Uhlelo Lokuthuthukisa Izibalo neziLimi ZeBanga R luyisinyathelo so**Mnyango WezeMfundo wesiFundazwe saseGauteng (Gauteng Department of Education)** kanye nomlingani wawo osemqoka, i-**Gauteng Education Development Trust**.

Ukuthuthukiswa nokukhiqizwa kokuqeqeshwa kanye nezinsiza zasekilasini zoHlelo Lokuthuthukisa Izibalo neziLimi ZeBanga R kuphumelele ngenxa yoxhaso olunobubele lwephrojekthi oluphuma kwi-**United States Agency for International Development** kanye ne-**Zenex Foundation**.

Uhlelo Lokuthuthukisa Izibalo neziLimi ZeBanga R luphethwe yi-**Jet Education Services** ehlangene ne-**Schools Development Unit** yase-**UCT** ne-**Wordworks** njengabalingani abangochwepheshe ngamakhono athile.

I-**Schools Development Unit (SDU)** e-**University of Cape Town (UCT)** iwumlingani owuchwepheshe wezibalo kuHlelo Lokuthuthukisa Izibalo neziLimi ZeBanga R. I-SDU iyinxenye ephakathi ku-School of Education sase-UCT egxile ekuthuthukisweni kobungcweti bothisha eziBalweni, Isayensi, Ukwazi Ukufunda Nokubhala/ Ulimi kanye namaKhono Empilo kusuka EBangeni R kuya EBangeni le-12. I-SDU inikeza iziqu zobuthishela kanye nezifundo zesikhathi esifushane ezivunye i-UCT, umsebenzi osekelwe esikoleni ukuthuthukiswa kwezinto kanye nocwaningo ukuze kusekwe ukufundisa nokufunda kuzo zonke izimo zaseNingizimu Afrika.

AMAZWI OKUBONGA

Kubongwa ngokukhethekile:

- Izikhulu zomkhakha woHlelo Lwezifundo, Umkhakha Wokufunda kothisha kanye nomkhakha WokuFunda okukhethekile woMnyango WezeMfundo wesiFundazwe saseGauteng, ngokuzinikela kwabo ukulungisa izinsiza kufunda zethu.
- Izikhulu kanye nothisha be-Western Cape Education Department (WCED) ngokuzinikela ekuqaleni okuyimpumelelo kwe-Grade R Mathematics Programme (R-Maths) eNtshonalanga Kapa phakathi konyaka wezi-2016 nonyaka wezi-2019.
- Iqembu lababhali be-R-Maths: Abasebenzi bakwa-SDU nabaxhumanisi.



Uhlelo Lokuthuthukisa Izibalo ZeBanga R lususelwe ku-*R-Maths*, eyashicilelwa okokuqala ngonyaka wezi-2017 yi-Schools Development Unit, University of Cape Town. Ilungelo lobunikazi be-*R-Maths* liphethwe yi-University of Cape Town.

Uhlelo Lokuthuthukisa Izibalo Zebanga R luvunyelwe ngaphansi kwe-Creative Commons Attribution 4.0 International Licence [Attribution-NonCommercial-ShareAlike].



Le layisensi ivumela abasebenzisi abasebenzisa kabusha ukusabalalisa, ukuxuba kabusha, ukuvumelanisa, nokwakha phezu kokuqokethwe kunoma iyiphi indlela noma ifomethi ngenjongo okungeyona eyentengiso, futhi uma uzonikezwa umsunguli. Uma uxubanisa kabusha, ushitsha, noma wakhela kokuqokethwe, kufanele unikeze ilayisense enemigomo efanayo. Ukuze ubone imibandela egcwele yale layisensi, vakashela ku-: <https://creativecommons.org/licenses/by-nc-sa/4.0/>

Ukucatshangwa kanye nokuphathwa kohlelo: Cally Kuhne kanye noTholisa Matheza
Umpathi wokuhumusha kanye nokushicilela iphrojekthi: Arabella Koopman
Ukuhumusha nokuhlanganisa (Izilimi zesiNguni): Pumeza Ngobozana
Ukuhunyushwa kwesiZulu: Bongzi Nzimande
Ukuhlela nokuhloliswa kwesiZulu: Bheki Ntuli
Imifanekiso: Jiggs Snaddon-Wood

Contents

Overview

Purpose	page 6
Learning outcomes	page 6
Workshop content	page 6

Workshop content

Opening and reflection	page 8
Session 1: Space and Shape (Geometry)	page 12
Session 2: Numbers, Operations and Relationships	page 18
Session 3: Patterns, Functions and Algebra	page 28
Session 4: Data Handling	page 32
Closing activities	page 38

Appendix A: Term 2 Weekly Content Summary (Weeks 4–7)	page 40
Workshop 5 Evaluation Form	page 44

Okuqukethwe

Ukubuka ngelibanzi

Inhloso	ikhasi 7
Imiphumela yokufunda	ikhasi 7
Okuqukethwe komhlangano wokucobelelana ngolwazi	ikhasi 7

Okuqukethwe komhlangano wokucobelelana ngolwazi

Ukuvula nokudlinza	ikhasi 9
Iseshini 1: Indawo Nesimo (Ijyomethri)	ikhasi 13
Iseshini 2: Izinombolo, Izimpawu kanye Nobudlelwane Bazo	ikhasi 19
Iseshini 3: Amaphethini, Amafankshini kanye ne-Aljebra	ikhasi 29
Iseshini 4: Ukusetshenziswa Kolwazi	ikhasi 33
Imisebenzi yokuvala	ikhasi 39

Isithasiselo A: Ithemu 2 Iqoqa Lolwazi Lwesonto Ngalinye

(Amasonto 4–7)	ikhasi 41
Ifomu Lokuhlola Lomhlangano Wokucobelelana Ngolwazi 5	ikhasi 45

Overview

Purpose

This is the fifth of twelve Grade R Mathematics Improvement Programme (Maths Programme) workshops, which form part of the Gauteng Department of Education (GDE) Grade R Mathematics and Language Improvement Project.

The purpose of this workshop is to assist teachers to continue to implement the Maths Programme in their classrooms, to strengthen their understanding of teaching and learning in the Content Areas covered in Term 2 Weeks 4–7 and to reflect on how they are putting the guiding principles of teaching maths into practice in their classrooms.

References to the Grade R Mathematics Content Areas are taken from the *Curriculum and Assessment Policy Statement (CAPS): Grade R Mathematics (Final Draft)*, 2011, Department of Basic Education, South Africa.

Learning outcomes

- ◆ To reflect on the implementation of Term 1 Week 10 and Term 2 Weeks 1–3
- ◆ To explore strategies to support teaching maths in Grade R
- ◆ To reflect on the Maths Programme’s guiding principles of teaching
- ◆ To engage with the Maths Programme content for Term 2 Weeks 4–7 (Space and Shape (Geometry); Numbers, Operations and Relationships; Patterns, Functions and Algebra; and Data Handling)
- ◆ To discuss appropriate observation and assessment in Grade R

Workshop content

- ◆ Opening and reflection (1 hour)
 - ◆ Session 1: Space and Shape (Geometry) (1 hour)
- TEA
- ◆ Session 2: Numbers, Operations and Relationships (1 hour)
 - ◆ Session 3: Patterns, Functions and Algebra (1 hour)
- LUNCH
- ◆ Session 4: Data Handling (1 hour)
 - ◆ Closing activities (1 hour)

Ukubuka ngelibanzi

Inhloso

Lo owesihlanu emihlanganweni yokucobelelana ulwazi eyishumi nambili ngaphansi kwesihloko: Uhlelo Lokuthuthukisa Izibalo ZeBanga R (Uhlelo Lwezibalo), eyingxenye YoMnyango WezeMfundo wesiFundazwe saseGauteng (Gauteng Department of Education (GDE Uhlelo Lokuthuthukisa Izibalo neziLimi ZeBanga R.))

Inhloso yalo mhlango wokucobelelana ngolwazi ukusiza othisha ukuthi basebenzise Uhlelo Lwezibalo emakilasini abo, ukuqinisa ukuqonda kwabo ukufundisa nokufunda eziNgxenyeni zoLwazi okwenziwe kuThemu 2 Amasonto 4–7 kanye nokucabanga ukuthi bayibeka kanjani imigomo elawula ukufundiswa kwezibalo ukuthi yenzeke emakilasini abo.

Ingxenye Yolwazi Yezibalo zeBanga R ithathwe *kuSitatimende Senqubomgomo Yohlelo Lwezifundo Nokuhlola (CAPS): Izibalo Zebanga R (Uhlaka Lokugcina)*, 2011, Umnyango Wemfundo Eyisisekelo, eNingizimu Afrika.

Imiphumela yokufunda

- ◆ Ukucabanga ngokusetshenziswa kweThemu 1 Isonto 10 kanye neThemu 2 Amasonto 1–3
- ◆ Ukuhlola amasu okuxhasa ukufundisa izibalo kuBanga R
- ◆ Ukucabanga ngemigomo elawula ukufundiswa koHlelo Lwezibalo
- ◆ Ukuzibandakanya nokuqokethwe koHlelo Lwezibalo kukaThemu 2 Amasonto 4–7 (Indawo Nesimo (Ijijomethri); Izinombolo, Izimpawu kanye Nobudlelwane Bazo; Amaphethini, Amafankshini kanye ne-Aljebhra; kanye Nokusetshenziswa Kolwazi)
- ◆ Ukuxoxa ngokuqaphela nokuhlola okufanele kulo iBanga R.

Okuqokethwe komhlangano wokucobelelana ngolwazi

- ◆ Ukuvula nokudlinza (1 ihora)
- ◆ Iseshini 1: Indawo Nesimo (Ijijomethri) (1 ihora)
- ITIYE
- ◆ Iseshini 2: Izinombolo, Izimpawu kanye Nobudlelwane Bazo (1 ihora)
- ◆ Iseshini 3: Amaphethini, Amafankshini kanye ne-Aljebhra (1 ihora)
- ISIDLO SASEMINI
- ◆ Iseshini 4: Ukusetshenziswa Kolwazi (1 ihora)
- ◆ Imisebenzi yokuvala (1 ihora)

Opening and reflection

1 hour

The **inclusivity principle**: All learners should feel welcome, included and happy to participate. Remember to treat all learners fairly and with respect.

Reflect on your implementation of the Maths Programme in your daily programme and complete the following activity.



Activity 1

Discuss your progress in implementing the *Take back to school* task from Workshop 4.

1. What progress in maths did you observe in your learners after implementing Term 1?

2. How did the information in the 'Check that learners are able to' in *Activity Guide: Term 1* assist you in assessing each learner's progress in Term 1?

3. Did you successfully record each learner's progress using 'Term 1: Exemplar Record of Continuous Assessments' on pages 190–193 of *Activity Guide: Term 1*?

Ukuvula nokudlinza

1 ihora

Umgomo wokumbandakanya: Bonke abafundi kumele bazizwe bamukelekile, bambandakanywe futhi bajabulele ukuhlanganyela. Khumbula ukuphatha kahle abafundi ngokufanele nangenhlonipho.

Cabanga ngokwenza kwakho Uhlelo Lwezibalo ohlelweni lwakho lwansukuzonke, bese ugcwalisa umsebenzi olandelayo.



Umsebenzi 1

Xoxa ngenqubekela-phambili ekwenzeni Umsebenzi *obuyela nawo esikoleni* osuka eMhlanganweni Wokucobelelana Ngolwazi 4.

1. Iyiphi inqubekela-phambili ezibalweni owayiqaphela kubafundi bakho emva kokwenza Ithemu 1?

2. Lukusize kanjani ulwazi olusengxenyeni ethi- 'Hlola ukuthi abafundi bayakwazi uku-' kuMhlahlandlela *Wemisebenzi: Ithemu 1* ekuhloleni inqubekela-phambili yomfundi ngamunye?

3. Wakwazi ukubhala ngempumelelo inqubekela-phambili yomfundi ngamunye usebenzisa Ithemu 1: Isibonelo seRekhodi Lokuhlola Okuqhubekayo emakhasini 190–193 kuMhlahlandlela *Wemisebenzi: Ithemu 1*?



Video 1

Watch the video of the teacher discussing observation and assessment in her Grade R classroom.

What do you think the intention of the activity is? Pay special attention to how the teacher prompts the learners with questions and how she observes each learner.



Activity 2

In your small groups, discuss:

1. How you are managing assessment in your classroom.
2. How you use rubrics in your assessment process.
3. How you incorporate the School Based Assessments (SBA) and SA-SAMS online system as part of your assessment process.

Write down the main points of your discussion to share with the whole group. Consider what works well and where you have challenges with assessment.

The **level principle**: Some learners may need more practice and support than other learners. Be sure to allow learners enough time and support to complete activities, to think and to answer questions.



Ividiyo 1

Bukela ividiyo kathisha exoxa ngokuqaphela nokuhlola ekilasini lakhe leBanga R.

Ucabanga ukuthi iyini inhloso yomsebenzi? Nakisisa indlela agumba ngayo abafundi ngemibuzo nendlela aqaphela ngayo umfundi ngamunye.



Umsebenzi 2

Emaqenjini enu amancane, xoxani ngokuthi:

1. Nikuphatha kanjani ukuhlola ekilasini lenu.
2. Uwasebenzisa kanjani amarubhrikhi kwinqubo yakho yokuhlola.
3. Uyihlanganisa kanjani *iSchool Based Assessments (SBA)* ne-SA-SAMS ku-inthanethi njengengxenye yenqubo yakho yokuhlola.

Bhala amaphuzu asemqoka engxoxo yenu enizokwabelana ngawo neqembu lonke. Cabanga ukuthi yini esebenza kahle nalapho unezinselelo ngokuhlola.

Ungomo wamazinga: Abanye abafundi kungenzeka badinge ukuzejwayeza kanye nokwesekwa kakhudlwana kunabanye abafundi. Qiniseka ukunika abafundi isikhathi esanele ubaseke futhi ukuthi baqede imisebenzi, bacabange baphendule nemibuzo.

Session 1: Space and Shape (Geometry)

1 hour

Term 2 Content overview: Space and Shape (Geometry)

This session focuses on teaching the content of Term 2 Week 4 – Space and Shape (Geometry). Remember that Space and Shape (Geometry) was also the focus of Week 3 which we covered in Workshop 4.

Read the content overview for Space and Shape (Geometry) on pages 126–131 of the *Concept Guide* and complete Activity 3.



Activity 3

What Space and Shape concepts are presented in 3.1 and 3.2 of the content overview?

In Grade R learners describe, sort and compare 3-D objects and focus on the similarities and differences between them. In Term 2 Week 4 learners sort, compare and describe 3-D objects according to size, colour and shape. They also look at and describe objects in relation to themselves and each other and from different positions (orientation and views). Another focus in Week 4 is on following directions and using vocabulary associated with position.



Activity 4

1. Discuss how you could use objects in your classroom to encourage learners to talk about their position in relation to the objects they are looking at.

Iseshini 1: Indawo Nesimo (Ijijomethri)

1 ihora

Ithemu 2 Ukubuka ulwazi ngelibanzi: Indawo Nesimo (Ijijomethri)

Le seshini igxile ekufundiseni okuqukethwe kukaThemu 2 Isonto 4- Indawo Nesimo (Ijijomethri) Khumbula ukuthi Indawo Nesimo (Ijijomethri) bekugxilwe kukona ngeSonto 3 okwenziwe eMhlanganweni Wokucobelelana Ngolwazi 4.

Funda ukubuka ngelibanzi ulwazi lwendawo Nesimo (Ijijomethri) emakhasini 126-131 ku*Mhlahlandlela Wokuqonda Isifundo* bese uqedela Umsebenzi 3.



Umsebenzi 3

Yiluphi ulwazi lweNdawo Nesimo olwethulwe ku-3.1 no-3.2 wokubuka ulwazi ngelibanzi?


Ebangeni R abafundi bachaza, bahlele, baqhathanise izinto ezingu-3-D, bese begxila kokufanayo nokuhlukile phakathi kwazo. KuThemu 2 Isonto 4 abafundi bahlele, baqhathanise, bese bechaza izinto ezingu-3-D ngobungako, umbala nesimo. Babuye babuke, bese bechaza izinto ngokuqondene nabo, nabanye kanye nasezikhundleni ezihlukene (ukuma nokubuka). Okunye okugxilwe kukho eSontweni 4 ukulandela izinkomba nokusebenzisa ulwazimagama oluphathelele nesikhundla.



Umsebenzi 4

1. Xoxa ukuthi ungazisebenzisa kanjani izinto ekilasini lakho ukugquzela abafundi ukuthi bakhulume ngezikhundla zabo ngokuphathelele nezinto abazibukayo.

2. Look at the pictures. Describe where you would stand in order to see each of the views of the truck.



Term 2 Week 4

Refer to the teacher-guided activity on pages 80–83 of *Activity Guide: Term 2*.




Activity 5

1. Which Space and Shape concepts are presented?

2. Give examples of guiding questions that are asked in the teacher-guided activities. Will these questions encourage learners to talk about the concepts in question 1?

2. Buka izithombe. Chaza ukuthi ungama kuphi ukuze ubone ukubukeka kweloli ngakunye.



Ithemu 2 Isonto 4

Bhekisa kumsebenzi oholwa uthisha emakhasini 80-83 oMhlahlandlela Wemisebenzi: *Ithemu 2.*



Umsebenzi 5

1. Yiluphi ulwazi lweNdawo neSimo olwethuliwe?

2. Nika izibonelo zemibuzo ekuholayo ebuzwa uthisha emisebenzini eholwa uthisha. Ngabe le mibuzo izobagqugquzela yini abafundi ukuthi baxoxe ngolwazi kumbuzo 1?

Learners need many opportunities to play with and sort collections of 3-D objects. Teachers need to understand the underlying concepts in Space and Shape (Geometry) and communicate these using the correct maths language.

The following points should be remembered.

- ◆ An object is three-dimensional (3-D). You can look at it from the top, the bottom and the sides. 3-D objects have length, breadth (width) and height.
- ◆ A shape is two-dimensional (2-D). Shapes include circles, triangles, squares and rectangles. They have length and breadth (width).
- ◆ As learners explore the properties of 3-D objects they will identify objects that 'look like' 2-D shapes, e.g. the door looks like a rectangle, the road sign looks like a triangle, the plate looks like a circle. They will start to understand that the surfaces of 3-D objects look like 2-D shapes.

The **interaction principle**: Learning involves communication and the sharing of ideas. Responding in an appropriate way to something is a very important part of communication and of teaching and learning. Always listen to learners when they share their ideas or respond to your questions.

Term 2 Content Summary (Week 4)



Activity 6

Refer to Appendix A: Term 2 Weekly Content Summary (Weeks 4–7). Read the content overview for Week 4: Space and Shape (Geometry) on page 10 of *Activity Guide: Term 2*.

1. What are the topics for Week 4?

2. What new knowledge is introduced in this week?

3. What skills from previous weeks are practised?

Abafundi badinga amathuba amaningi ukuthi badlale futhi bahlele amaqoqo ezinto ezingu-3D. Othisha badinga ukuqonda ulwazi oluyisisekelo kuyo indawo nesimo (Ijyomethri), bese bezixoxa lezi besebenzisa ulimi olufanele lwezibalo.

Amaphuzu alandelayo kumele akhunjulwe.

- ◆ Into inezinhlangothi ezintathu (3-D). Ungayibuka ngaphezulu, ngaphansi kanye nasemaceleni. Izinto ezingu-3-D zinobude kanye nobubanzi.
- ◆ Izimo zinezinhlangothi ezimbili (2-D). Izimo zimbandakanya izindilinga, onxantathu, izikwele kanye nonxande. Zinobude kanye nobubanzi.
- ◆ Ngesikhathi abafundi behlola izimpawu zezinto ezingu-3-D, bazohlolona izinto 'ezibukeka njenge'zimo ezingu-2-D, isibonelo, isicabha sibukeka njengonxande, uphawu lomgwaqo lubukeka ngengonxantathu, ipuleti libukeka njengendilinga. Bazoqala ukuqonda ukuthi ingaphandle lezinto ezingu-3-D lifana nezimo ezingu-2-D.

Umgomo wokuxhumana: Ukufunda kuhlenganisa ukuxoxisana kanye nokwabelana ngemibono. Ukuphendula ngendlela efanele entweni kuyingxenye ebaluleke kakhulu yokuxoxisana kanye nokufundisa nokufunda. Lalela njalo abafundi uma babelana ngemibono noma bephendula imibuzo yakho.

Ithemu 2 Iqoqa Lolwazi (Isonto 4)



Umsebenzi 6

Bhekisa kuSithasiselo A: Itthemu 2 Iqoqa Lolwazi Lwesonto Ngalinye (Amasonto 4–7). Funda ukubuka ngelibanzi ulwazi lweSonto 4: Indawo Nesimo (Ijyomethri) ekhasini le-10 loMhlahlandlela Wemisebenzi: Itthemu 2.

1. Yiziphi izihloko zeSonto 4?

2. Yiluphi ulwazi olusha olwethulwayo kuleli sonto?

3. Yimaphi amakhono asuka emasontweni adlule ajwayezwayo?

Session 2: Numbers, Operations and Relationships

1 hour

The focus of Term 2 Week 5 is Numbers, Operations and Relationships.

Term 2 Content overview: Numbers, Operations and Relationships

Previous workshops have presented the Content Area Focus: Numbers, Operations and Relationships. In this session we look at the Term 1–4 content overview (*Concept Guide*, pages 114–123) again.



Activity 7

What new numbers are introduced in Term 2?

Term 2 Week 5: Teaching number

The number ‘five’ is introduced in Term 2 Week 5. The Maths Programme encourages the use of numbers in different situations and the use of multiple representations, e.g. a symbol, a word, a picture, dot cards, counters, claps. The routine used for introducing each number engages learners in a routine that is familiar, predictable, fun and presents the number in different ways.



Activity 8

Refer to the Week 5 whole class activities in *Activity Guide: Term 2* (pages 90–99). Describe the routine that is used to teach the number ‘5’.

Day 1

Day 2

Iseshini 2: Izinombolo, Izimpawu kanye Nobudlelwane Bazo

1 ihora

Okugxilwe kukho kuThemu 2 Isonto 5 Izinombolo, Izimpawu kanye Nobudlelwane Bazo.

Ithemu 2 Ukubuka ulwazi ngelibanzi: Izinombolo, Izimpawu kanye Nobudlelwane Bazo

Imihlangano Yokucobelelana Ngolwazi edlule yethula Ingxenye Yolwazi Okugxilwe Kuyo: Izinombolo, Izimpawu Nobudlelwano Bazo. Kule seshini sizobheka Ithemu 1-4 Ukubuka ulwazi ngelibanzi (*Umhlahlandlela Wemisebenzi*, amakhasi 114–123) futhi.



Umsebenzi 7

Yiziphi izinombolo ezintsha ezethulwayo kuThemu 2?

Ithemu 2 Isonto 5: Ukufundisa inombolo

Inombolo 'kuhlanu' yethulwa kuThemu 2 Isonto 5. Uhlelo Lwezibalo lugqugquzela ukusetshenziswa kwezinyombolo ezimeni ezehlukene kanye nokusetshenziswa kokumelwa okuningi, isibonelo: uphawu, igama, isithombe, ichashazi izibalisi, ukushaya izandla. Inqubo esetshenziswa ukwethula inombolo ngayinye ibandakanya abafundi kwinqubo eyejwayelekile, eqagelekayo, nemnandi, futhi iveza inombolo ngezindlela ezihlukene.



Umsebenzi 8

Bhekisa emisebenzini yekilasi lonke yeSonto 5 ku*Mhlahlandlela Wemisebenzi: Ithemu 2* (amakhasi angama-90–99). Chaza inqubo esetshenziswa ukufundisa inombolo '5'.

Usuku 1

Usuku 2

Day 3

Day 4

Day 5

The number washing line

The numbers 1 to 5 were pegged onto the number washing line in the maths area as they were introduced in Term 1. It is only in Week 5 that learners actively engage with the number washing line. Many teachers put up number lines from 0 to 10 or even to 20 in the classroom before learners are able to count or recognise these numbers.

Initially the Maths Programme's focus on the number washing line is incidental. From Week 5 it is used to focus on sequencing (ordering) numbers and talking about the relationship between numbers.

Use the number washing line to:

- ◆ order and compare numbers e.g.:
 - What number comes before 3?
 - What number is between 3 and 5?
 - What number comes after 4?
- ◆ explore how numbers increase from left to right, and decrease from right to left.
- ◆ use maths language such as *before*, *after*, *between*.

In the video the facilitator demonstrates a washing line activity that supports the teaching of number.

Read the activity that introduces the washing line to learners on page 94 of *Activity Guide: Term 2*.

Usuku 3

Usuku 4

Usuku 5

Ulayini wokweneka wezinombolo

Izinombolo 1 kuya kweyesi-5 zifakwe kulayini wokweneka wezinombolo endaweni yezibalo njengoba zazethulwe kuThemu 1. KuseSontweni 5 kuphela lapho abafundi bezibandakanya khona ngomfutho nolayini wokweneka wezinombolo. Othisha abanengi babeka umugqa wezinombolo kusuka koku-0 kuya kokuyi-10 noma kuze kufike kokungama-20 ekilasini ngaphambi kokuba abafundi bakwazi ukubala noma bazibone lezi zinombolo.

Ekuqaleni ukugxila kulayini wokweneka wezinombolo koHlelo Lwezibalo kwenzeka unganakile. Kusuka eSontweni 5 kusetshenziselwa ukugxila ekulandelaniseni (ekuhleleni) izinombolo kanye nasekuxoxeni ngobudlelwano phakathi kwezinombolo.

Sebenzisa ulayini wokweneka wezinombolo:

- ◆ ukuhlela nokuqhathanisa izinombolo, isibonelo:
 - Iyiphi inombolo eza ngaphambi koku-3?
 - Iyiphi inombolo ephakathi koku-3 nokuyisihlanu?
 - Iyiphi inombolo eza ngemuva koku-4?
- ◆ ukuhlola ukuthi izinombolo zikhula kanjani kusuka kwesobunxele kuya kwesokudla, futhi zincipha kanjani kusuka kwesokudla kuya kwesobunxele.
- ◆ ukusebenzisa ulimi lwezibalo njenga-*phambili, emuva, phakathi*.

Kuvidiyo umdidiyeli ukhombisa umsebenzi kalayini wokuneka oweseka ukufundiswa kwenombolo.

Funda umsebenzi owethula ulayini wokweneka wezinombolo kubafundi ekhasini lama-95 loMhlahlandlela Wemisebenzi: Ithemu 2.

 **Video 2**

Watch the video of the teacher using the number washing line to order the numbers 1 to 5. Notice how she scaffolds the activity and note the questions that she asks to prompt the learners.

Discuss the value of using a number washing line in Grade R.

Sequencing numbers: Learners place the numbers in the correct counting order. Learners see the number line each day and during incidental discussions talk about each number.

Order: Learners discuss the numbers in relation to each other. The teachers asks which number comes before, after or between other numbers. Learners use correct maths language to describe the position of the numbers in relation to each other.

Structure beads

The structure beads in your *Resource Kit* come in lengths of 10 beads grouped in fives, according to colour (five red beads and five yellow beads).

Structure beads help learners to:

- ◆ automatically recognise the number of beads in a group without counting, e.g. '4'.
- ◆ understand that one number may be a combination of two or more other numbers, e.g. '4' is made up of 2 and 2 or 1 and 3.
- ◆ develop skills in counting on from a given number, e.g. start at 3 and count on to 5.
- ◆ begin to work with addition and subtraction.
- ◆ begin to work with bonds of ten.

In this next activity, use your 10 structure beads to explore different number combinations. Follow your facilitator's lead and respond to the questions as set out in Activity 9.



Ividiyo 2

Buka ividiyo kathisha esebenzisa ulayini wokweneka wezinombolo ukuhlela izinombolo ku-1 kuya koku-5. Qaphela ukuthi uyehlukanisa kanjani imisebenzi ngokukhula kwayo futhi uqaphele imibuzo ayibuzayo ukugumba abafundi.

Xoxa ngokubaluleka kokusetshenziswa kukalayini wokweneka wezinombolo kulo futhi iBanga R.

Ukulandelanisa izinombolo: Abafundi babeka izinombolo ngendlela yokubala eyiyo. Abafundi babona umugqa wezinombolo ngosuku ngalunye nangesikhathi sezingxoxo ezingahleliwe bakhulume ngenombolo ngayinye.

Hlela: Abafundi baxoxa ngezinombolo nobudlelwano bazo. Othisha babuza ukuthi iyiphi inombolo eza kuqala, ngemuva noma ephakathi kwezinye izinombolo. Abafundi basebenzise ulimi lwezibalo oluyilo ukuchaza isikhundla sezinombolo nobudlelwano bazo.

Ubuhlalu bokuhlela

Ubuhlalu bokuhlela *obukuKhithi Yezinsiza* buza bunobude bobuhlalu obuyishumi bungamaqoqo angamahlanu, buhlelwe ngokombala (ubuhlalu obuyisihlanu obubomvu kanye nobuhlalu obuyisihlanu obuphuzi).

Ubuhlalu bokuhlela busiza abafundi uku-:

- ◆ bona ngokuzenzekelayo inani lobuhlalu obuseqoqweni ngaphandle kokubala, isib. '4'
- ◆ qonda ukuthi inombolo eyodwa ingaba yinhlanganisela yezinombolo ezimbili noma ngaphezulu, isib. Oku-'4' kwakhiwe ngoku-'2' noku-'2' noma oku-1 noku-3.
- ◆ thuthukisa amakhono okubala uqhubeke usukela enombolweni enikiwe, isb. Qala koku-3 bese ubala uqhubeke uye koku-5.
- ◆ qala ukusebenza ngokuhlanganisa nokususa.
- ◆ qala ukusebenza ngamabhondi eshumi.

